**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHEZULU**
**(Iphepha Lesibili)**

---

## ISIGABA A
## IZINKONDLO

1.1.1 Imbongi ikhuluma ngomculo oletha intokozo futhi ulihlaya lamancoko emphefumlweni womuntu. Uma ulalele umculo wehla ngesiphundu futhi uyasikitaza ngaphakathi. (3)

1.1.2 a) Isitsha sokugayela ukudla/Ucansana esiganjela kulo isidlo senkosi. (1)
b) Amaxoxo, amantelo/Amahlaya. (1)
c) Ukuba mnandi. (1)

1.1.3 Imvumelwano-siqalo.
Uyizingxabo.
Uyisisusa.
Uyisinyathelo. (2)

1.1.4 Umoya wokuncoma. Imbongi incoma umculo oletha intokozo, osikitazayo emoyeni owehla ngesiphundu./
Umoya wenjabulo. (2)
**[10]**

## UMBUZO 2

2.1.1 (a) Ukubhonsa kwezinsengwakazi. (1)
(b) Ukukhala kwamandekane. (1)
Ilawu Lotshani
Izintaba
Imfuyo
Amadlelo aluhlaza
Abakhapheyana belusa

2.1.2 (a) Abafana. (1)
(b) Ihinikazi/Insengwakazi/Inkomazi (Inkomo enobisi oluningi)/Unondlini.. (1)

2.1.3 KuKwaZulu. (1)

2.1.4 Elawini layo lodaka notshani. (2)



Pheqa ikhasi

2.1.5 Umoya wothando nokuncoma. Ibonisa uthando ngezwe lakubo, uncoma amadlelo nezintaba zangakubo. (3)

2.1.6 Isenzasamuntu. Phela ukuhloba kusho ukuvunula, ngakho-ke umuntu kuphela ovunulayo hhayi imvelo. (3)

2.1.7 Yimvumelwano-siqalo.
Ngiphumel' emnyango
Ngikhangwa

Imvumelwano sigcino – $\frac{a}{a}$

Siqolo eyeqayo ngibone

Siqcino eyqayo $\frac{a}{a}$ (2)

**[15]**

**NOMA**

2.2.1 Zinkunzi Zelakithi. (1)

2.2.2 Inkunzi phela inamandla, nabo ababhali banamandla ngoba phela ziningi izincwadi abazibhalile (nokunye)./
Ubafanisa namaqhawe futhi izinkunzi ziyahlaba nabo boyizihlabani. (2)

2.2.3 Imbongi ikhuluma ngababhali bezincwadi zesiZulu njengoR.R.R. Dlomo, D.B.Z. Ntuli noB.W. Vilakazi. Uncoma imisebenzi yabo emihle yokubhala izincwadi. Uthi noma bangafa, kodwa umlando wabo uzosala./
Amaqhawe/Izinsizwa/Izinkunzi. (3)

2.2.4 Bathi noma sebefile abantu abenza okuhle, kodwa sisale siyikhumbula imisebenzi yabo. (2)

2.2.5 Imvumelwano – siqalo
Yamsusa phansi
Yamkhipha phezulu
Imvumelwano siqalo eyeqayo – ph –
Imvumelwano siqcino umugqa 1 no 2
4 no 5 (1)

2.2.6 Isenzasamuntu/ i-aphostrofi. (1)

2.2.7 Isichotho. (1)

2.2.8 Amakhono okubhala izincwadi/Iziphiwo zokubhala izincwadi. (1)

2.2.9 Umoya wokuncoma. Imbongi incoma ababhali ngamakhono abo okubhala. Uthi noma bangafa nokufa imisebenzi yabo iyohlala ikhunjulwa. Indlela ababhala ngayo imfaka ugqozi. (3)

**[15]**

**NOMA**



Pheqa ikhasi

2.3.1 Imibono izokwehlukana kodwa owami uthi: Ikhuluma ngomuntu owesilisa oweshela owesifazane ngoba emthanda futhi emuhle emva kwesikhathi bahlukana ngoba owesifazane enguthathekile. (nokunye-ke) (3)

2.3.2 Imali. (1)

2.3.3 Yingoba isuka komunye umuntu iye komunye/Imali ayihlali ndawonye. Wonke umuntu ufana ukuyibamba. (2)

2.3.4 Emva kwesikhashana izobe isiphelile imali/Emva kwesikhathi intombi izobe isithethwe nqabanye. (1)

2.3.5 Uma unemali ufana nomuntu onakho konke futhi onesibindi/Uma enentombi yakhe uzizwa enelisekile. (2)

2.3.6 (a) Ukxhumana – siqalo: Wuwe nkece, wuwe, /
Wuwe nkece, wuwe,
Ukxhumana – siqalo: Wuwe nkece, wuwe, /
Wuwe mgan' edlula (2)
(b) Ukxhumana okuyinxemu: – Wuwe nkece, wuwe
Wuwe magan' edlula, (2)

2.3.7 Ukukhohliseka kalula/Ukuthatheka. (1)

2.3.8 Umuntu ongahlali emendweni/Umuntu ohambeqoma. (1)
**[15]**

**NOMA**

2.4.1 Isonethi. Inemigqa eyi – 14. (2)

2.4.2 Umoya wosizi: Imbongi ichaza indlela ayiyo lo muntu oyisinqibi. Amehlo abomvu, isisu silambile (nokunye) (3)

2.4.3 Umuntu ohamba ecela ukudla/Ohluphekile ohamba ecela ukudla. (2)

2.4.4 Usuke elambile/
Uma ephethwe umkhuhlane
Ongadi ukudla okunomsoco
Ongagcobisi (1)

2.4.5 Isingathekiso. Amehlo ashone phakathi abomvu ngenxa yendlala./
Akaphilile
– Ihaba (2)

2.4.6 Izingane ezincane. (1)

2.4.7 Izinwele ezingcolile ezingakanyiwe./
Zinde azikanyiwe (2)



Pheqa ikhasi

2.4.8 Izikhala/
Ukuvuleka
Ukuqhekeka
Imisele (1)

2.4.9 Amasango ezulu. (1)
**[15]**

**[40]**

**ISIGABA B**
**UMBUZO 3**
**UMDLALO**

3.1 Makuxoxwe kabanzi ngalezi zigameko:

- UThulisile noThulile bakhethwe yinkosi ukuba babe ondlunkulu. UThulisile akafuni ngoba akayithandi iNkosi.
- UMzwezwe wenza imizamo yokufaka uThulisile amakhathakhatha, kodwa uyehluleka.
- Uyaqhubeka uThulisile ubonana noZaba. Uze uyakhulelwa ingane kaZaba.
- Ekugcineni uMgidi uyabona ukuthi akathandwa nguThulisile, uhlanza ngedela. **[30]**

**NOMA**

Isiqeshana A:

3.2.1 Baselawini likaZaba/Emzini kaMsaka/Kubo kaZaba. (1)

3.2.2 UZaba ucabanga ukuthi iNkosi isiyazi ukuthi uthandana noThulisile, ngakho-ke imbizela ukuzombulala. Kufanele agasele ngaphambi kokubulawa naye azame ukuzilwela ngaphambi kokubulawa./ Ucabanqa ukuthi isithunywa siyinhloli. (3)

3.2.3 Ifuna ukumkhuphula esikhundleni imenze inhloli. (2)

3.2.4 Sabe siboshelwe exhibeni lakhe uZaba. (1)

3.2.5 Yebo uqinisile, phela uZaba nenkosi bathandana noThulisile bobabili. (2)

3.2.6 UMzwezwe/uMgidi ngoba ubona sengathi usemnqobile uThulisile ngamakhathakhatha ngoba nakhu phela useke waya ocansini nenkosi. Imibono ingehluka: imbangi yakhe angaqala ngayo ngoba efuna ukuhlenga isithandwa sakhe uThulisile. (2)

3.2.7 Umama kaZaba / unkosikazi kaMsanka. (1)

3.2.8 UMsanka wayengafuni ukuba isithunywa sitshele inkosi ngokuboshwa kwaso nguZaba/Wayengafuni ukuba sisho ukuthi uZaba yimbangi yenkosi. (3)
– Sichazele inkosi ukuthi yingani sithathe isikhathi eside.

**[15]**

Isiqeshana B:

3.2.9 Udaba lokuthi uThulisile akayifuni inkosi, ngoba uthandana noZaba. (2)

3.2.10 Wabe engakudli ukudla kwasebukhosini, edelela inkosi eyibiza ngegama. (2)

3.2.11 UZaba. (1)

3.2.12 Esokweqa noZaba. (2)

3.2.13 Uma eke weqa uZaba, izimpelesi zizojeziselwa ukuthi bezingayibikeli ngani inkosi ngalokho. (2)

3.2.14 UKhonzeni. (1)

3.2.15 Wayedla ukudla kukaThulisile. (1)

3.2.16 Yebo yamsiza. Wagcina eshade naye uZaba wakhe lona ayemthanda. (2)

3.2.17 UMajola. (1)

3.2.18 UMgidi. (1)
[15]

[30]

**ISIGABA C**
**UMBUZO 4**
**INOVELI**

4.1 Makuxoxwe ngalezi zigameko ezilandelayo:
- UKubheka wabulala uZikode ngoba ethi uyazivikela.
  Ucela isidumbu emoshali ukuze adukise umkhondo.
- Leli phutha lakhe lenza ukuba amaqola afune imvalamlomo kwabomndeni wakhe: KuDuduzile kanye noZethu.
- UZethu ugcina esebekwe necala lokubulala uMhlobo (kuzoxoxwa kabanzi ngalokhu.) [30]

**NOMA**

**Isiqeshana A:**

4.2.1 Cha akaqinisanga. Umuntu owashintsha imali uNgubane ngoba efuna ukuba amaqola angethembani. (2)

4.2.2 UMagwegwe. (1)

4.2.3 Wayezama ukuzivikela ngoba wabona umlisa sengathi ufuna ukumhlasela. (2)

4.2.4 Basesikebheni. UZethu wayeyobanikeza imali yemvalamlomo eyabe ifunwe ngamaqola/E Ncadu Dam. (2)

4.2.5 Ummeli wamacala obugebengu / Ummeli kaKubheka. (2)

4.2.6 Yingoba wayengafuni ukuba amaqola aveze amahlazo omndeni wakhe, okwakuyogcina kone nomshado kaDuduzile. (2)

4.2.7 UZethu wacabanga ukuthi umdubulile umlisa lona, wase ebaleka eshiya isikhwama kanye nesibhamu khona lapho emanzini/ (3)
Kanti naye Lomuntu ayecabanga ukuthi umbulele akafanga.

4.2.8 UDuduzile. (1)
**[15]**

**Isiqeshana B:**

4.2.9 Wayesoleka ecaleni lokubulala uMhlobo. (2)

4.2.10 NguHulumeni. (1)

4.2.11 Wehluleka ukwethula ukushona kwedamu. Wakubona kungabalulekanga lokho. (2)

4.2.12 UMenzi Zondo noZenzele Masondo. (2)

4.2.13 Ungunogada wedamu iNcadu. (1)

4.2.14 Wayeke waba yiphoyisa, wake wambopha uMhlobo. (2)

4.2.15 (a) Elokutshontsha imoto. (1)
(b) Elokubamba inkunzi ehlomile. (1)

4.2.16 Wabikela abakhulu abamphethe. Babiza abezindaba namaphoyisa nabasemakhazeni. (2)

4.2.17 UMagwegwe Buthelezi. (1)
**[15]**

**[30]**

**100**

**ISIPHETHO**